



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWESIBILI LOKWENGEZA (SAL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

NOVEMBA 2014

AMAMAKI: 80

SIKHATHI: amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-6.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniwe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A:	Indaba	(40)
ISIQEPHU B:	Imibhalo emide edlulisa imiyalezo	(20)
ISIQEPHU C:	Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo	(20)

2. Abahlolwayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A, OWODWA esiqeshini B kanye no WODWA esiqeshini C.

3. Abahlolwayo mabafundisise kahle imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo. Mabasebenzise ulimi abahlolwa ngalo.

4. Abahlolwayo mabaqale umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Abahlolwayo mababhale uhlaka ekhasini lephepha labo lokuphendula imibuzo, lube sekhasini lwalo lodwa. (Indaba kuphela edinga uhlaka.)

6. Abahlolwayo bayayalwa ukuba basebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A:	amaminithi angama-60
ISIQEPHU B:	amaminithi angama-30
ISIQEPHU C:	amaminithi angama-30

7. Abahlolwayo mabangaziguquli izinombolo zemibuzo. Mabazibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.

8. Nikeza indaba yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa kubalwa amagama okuqokethwe kuphela.

9. Abahlolwayo mabaqaphelisise isipelingi nokwakheka kwemisho.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

Ubude bokubhala lo msebenzi buhamba kanje:

ISIQEPHU A: Bhala ngamagama ayi-150 ukuya kwayi-180. Khumbula ukuthi uphoqelekile ukuba wenze uhlaka lube sekhasini lwalo lodwa.

ISIQEPHU B: Umbhalo mawube odlulisa imiyalezo, ube ngamagama angama-60 ukuya kwangama-80.

ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane enemiyalezo, mayibe ngamagama angama-40 ukuya kwangama-60.

ISIQEPHU A: INDABA**UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-150 ukuya kwayi-180.

QAPHELA: Ungakhohlwa ukwenza uhlaka lwendaba yakho.

- 1.1 Izinkundla zokuxhumana ('social networks') zenza impilo ibe lula. Bhala indaba ngesihloko esithi:

Ngiyazithanda Izinkundla Zokuxhumana

[40]

- 1.2 Mhla Ngiqala Ukuya Esikoleni Samabanga Aphezulu ('High School').

[40]

- 1.3 Abazali bakho bashona usemncane ungakangeni ngisho nasesikoleni. UMamncane ('aunt') wakho wakuthatha wakufundisa namhlanje usungumuntu omkhulu emphakathini wangakini. Bhala indaba ekhuluma ngendlela owakhula ngayo.

Nika indaba yakho isihloko.

[40]

- 1.4 Impilo ayihambi kahle uma ungafundanga. Bhala indaba ngesihloko esithi:

Imfundo Iyisikhali ('weapon') Sakho Sempilo

[40]

- 1.5 Khetha isithombe ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala indaba ngaso. Ungakhohlwa ukuyinika isihloko. Bhala inombolo yesithombe njengoba injalo.

QAPHELA: Indaba yakho mayihambisane nesithombe/nokwenzeka esithombeni.

1.5.1



[Sicashunywe: Inkanyezi; 2004]

[40]

1.5.2



[Sicashunywe: Kwiphephabhuku Lesingisi 2013]

[40]


1.5.3



[Sicashunywe: Iphephabhuku LeSingisi 2013]

[40]

1.5.4



[Sicashunywe: Insika Yethu; MNC Mkhwanazi]

[40]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 40

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80

- 2.1 Umzala wakho uphase uMatikuletsheni ('matric') uthole umfundaze ('bursary') wokuyofunda phesheya kwezilwandle ('overseas'). Bhala **INCWADI** umbongele. [20]
- 2.2 Umngane wakho uthatha izidakamizwa ('drugs'), akasafuni ukubuyela esikoleni. Bhala **INGXOXO** phakathi kwenu nobabili umncenge ukuba aziyeke izidakamizwa futhi umbonise nangobuhle bokubuyela esikoleni. Nika abaxoxayo amagama. [20]
- 2.3 Bekunomcimbi wokuvalaleliswa kwabafundi bebanga le-12 esikoleni senu. Omunye wabafundi ulahlekelwe isikhwama nawe ukhona. Bhala **UMBIKO/IRIPHOTHI** ezoya kuThishanhloko ukuze kuphenywe ('investigate') ngalokhu. [20]
- 2.4 Izakhamuzi zangakini azinawo ugesi. Bhala **INCWADI YOKUKHALAZA** uyibhekise kuMasipala. [20]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 20

ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 3**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-40 kuya kwangama-60.

- 3.1 Intsha izoba nomncintiswano wonobuhle eholo lomphakathi. Bhala **IFLAYA** eyazisa umphakathi ngalo mcimbi ('function'). [20]
- 3.2 Umama wakho uhlala kude. Ufisa ukumthumelela izilokotho ezinhle zikaKhisimusi. Bhala **IPHOSIKHADI** ozomthumelela lona. [20]
- 3.3 Ubuvakashelwe umngane wakho. Uthande amakhekhe owabhakile. Bhala **IMIYALELO** ('instructions'w) azoyisebenzisa ukubhaka lawa makhekhe. [20]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 20
AMAMAKI ESEWONKE: 80